**Imigomo Nemibandela Yomsebenzisi**

Siyakwamukela emphakathini we-Worldcoin! *I-Worldcoin iyinqubomgomo evulekile, esekelwa umphakathi wabasunguli, abantu ngabanye, kanye nabanye abanikelayo emhlabeni wonke. Tools for Humanity i-software ne-hardware yomhlaba wonke yezinkampani ezakha amathuluzi enza i-blockchain kanye nobuchwepheshe bokudalula ubuwena ngobuchwepheshe nemikhiqizo kubantu abayizigidigidi, okuhlanganisa nokunikela ekuthuthukisweni nasekukhuleni kosikompilo lwe-Worldcoin.*

Le Migomo phakathi kwakho kanye Tools for Humanity Corporation, inkampani ye-Delaware (kanye nezinkanpani ezingaphansi kwethu, "I-TFH", "thina" noma "nathi") ibusa ukusebenzisa kanye nokuthola amawebusayithi nama-app e-Worldcoin ("i-App"), kanye nakho konke ukusebenza okuhlobene nayo, okuqukethwe, nemisebenzi esikwenzela yona (sekukonke, "Imisebenzi") ehlobene nenwubomgomo ye-Worldcoin ("i-Worldcoin").

Sicela ufunde le Migomo ngokucophelela ngaphambi kokusebenzisa noma ukuthola Imisebenzi. Ngokuthola noma ukusebenzisa noma imiphi Imisebenzi esiyinikezayo, ubonisa ukuthi uyavuma ukuhlanganiswa nale Migomo kanye Nesitatimende sethu Sobumfihlo, esisentshenziswa njengengxenye yale Migomo.

Sicela uphawule izingxenye ezimbili ezibaluleke ngokukhethekile zale migomo:

**Uyavuma ukuxazulula noma ikuphi ukungaboni ngaso linye phakathi kwakho ne-TFH ngezingxoxo ezibophezelayo zokuxazulula inkinga kunokuya enkantolo. Sicela uhlole Ingxenye 15 engezansi ngemininingwane.**

**Akukho lutho Emisebenzini okuhlanganisa umtitilizo wokudayisa, noma umtitilizo wokucela ukuthenga noma ikuphi kwezokuphepha. Imisebenzi ayihlanganisi iseluleko sokutshala imali. Ukugcina, ukuthenga, noma ukuthengisa amathokheni e-Worldcoin ("WLD") noma amanye Amathokheni Ezobuchwepheshe (njengoba kuchazwe Engxenyeni 2.1 engezansi) angeke avunyelwe ezweni ohlala kulo, futhi kungumthwalo woka ukuthobela yonke imithetho esebenzayo. Sicela ucabangele ukuthi ukuthenga, ukuthengisa, ukusebenzisa, noma ukugcina Amathokheni Ezobuchwepheshe, okuhlanganisa i-WLD, kukufanele uzimweni zakho zezimali kanye nokuqonda kwakho Amathokheni Obuchwepheshe. Inani le-WLD kanye namanye Amathokheni Obuchwepheshe kungashintsha ngokushesha futhi kungaphelelwa ibo bonke ubugugu bayo. Asiqinisekisi ukuthi sizoyikhipha inethiwekhi ye-Worldcoin, nokuthi inethiwekhi ye-Worldcoin izosebenza njengoba kuhleliwe, noma ukuthi i-WLD izoba yigugu.**

**Ukwenezela, amathokheni e-WLD awahloselwe ukwenziwa atholakalele ukusentshenziswa, ukuthenga, noma ukutholwa abantu abase-US, okuhlanganisa izakhamuzo, abahlali, noma abantu abase-United States, noma izinkampani ezisebenzisanayo, ezisendaweni, noma ezingezase-United States, noma i-ejenti ebhalisiwe e-United States. Asiwenzi ama-WHL atholakale kulabo bantu abase-US.**

1. **Amaphuzu Emigomo**

**1.1 Ubumfihlo kanye Nemininingwane Yakho**. Uma usebenzisa i-App, ungakhetha ukusinikeza izigaba zemininingwane yomuntu siqu, njengegama lakho noma inombolo yocingo. Uma unikeza imininingwane ukuze wenze ubufakazi bakho bokuba umuntu futhi ucele amathokheni akho e-WLD, ngakho unikeza izigaba ezikhethekile zemininingwane ebucayi yomuntu siqu, njengemininingwane yakho ye-biometric. Umthetho Wethu Wobumfihlo kanye Nefomu Lemvume Lemininingwane ye-Biometric ichaza imininingwane esiyithathayo kuwe nokuthi siyisebenzisa kanjani. Sicela ungasebenzisi Imisebenzi uma ungafuni sithathe noma sisebenzise imininingwane yakho ngendlela echazwe kuMthetho Wobumfihlo noma Efomini Lemvume Lemininingwane ye-Biometric.

**1.2 Ukufaneleka.** Ukuze usebenzise Imisebenzi, kumelwe uthobele le Migomo kanye nayo yonke imithetho esebenzayo. Akumelwe usebenzise Imisebenzi ukuqhuba, ukukhuthaza, noma ukusiza abanye benze noma imiphi imisebenzi engekho emthethweni.

Ukwenezela, kumelwe uhlangabezane nayo yonke imikhakha elandelayo::

- Uneminyaka engu-18 yobudala noma ngaphezulu; futhi
- **Awuhlali**, awukho ngaphannsi kokulawulwa, izwe, noma isakhamuzi sase: ESiriya, eCrimean, eDonetsk, eLuhansk, eKherson kanye naseZaporizhzhia izifundazwe zase-Ukraine, eNorth Korea, e-Iran, eCuba, noma elinye izwe noma isifunda i-United States,

i-European Union, noma amanye amazwe noma amagunya avimbele khona ukuhweba ngezimpahla kanye nemisebenzi;

- Awuyena “Ovinjelwe Izwe Ngokukhethekile” njengoba kuchazwe Umnyango wase-U.S Wehhovisi Lomngcini Mafa Elilawula Izimpahla Zakwamanye Amazwe (Office of Foreign Assets Control, (“OFAC”) noma osohlwini lokuvinjelwa lwanoma iliphi elinye izwe, futhi igama lakho Ohlwini Lwabantu Abenqatshelwe Lomnyango Wezohwebo Wase-U.S noma ohlwini lwabantu abavinjelwe kunoma iliphi elinye izwe.

Uma ungahlangabezani nazo zonke lezi zimfuneko, awuvumelekile ukuthola noma ukusebenzisa Imisebenzi.

**1.3 Ukutholakala**. Amakhasi amawebusayithi achaza Imisebenzi atholakala emhlabeni wonke, kodwa lokhu akusho ukuthi yonke imisebenzi noma izici zemisebenzi zisemthethweni noma ziyatholakala ezweni lakho. Ukuthola Imisebenzi ethile (noma izici ezithile Zemisebenzi) emazweni athile kungase kuvinjwe ohulumeni bakwamanye amazwe. Ukutholakala kwe-Orb kanye ne-Orb Operators yethi angeke kutholakale e-Texas, e-Illinois, eWashington, ePortland, e-OR, kanye naseBaltimore, MD. Ungase ungayisebenzisi i-VPN noma amathuluzi afanayo ngenjongo yokweqa noma iziphi izivimbelo. Ukuthola i-App, kanye nezici ezithile ezikuyo i-App, kungenzeka kungatholakali noma kuvinjelwe, kuye ngendawo yakho.**Kungumthwalo wakho ukuqinisekisa ukuthi ukusebenzisa kwakho Imisebenzi kusemthethweni lapho uyisebenzisa khona**. Imisebenzi ayitholakali ngazo zonke izilimi.

**1.4 Okwakamuva**. Kungenzeka senze ushintsho oluthile kuleMigomo isikhathi ngesikhathi. Uma senza lokhu, sizokwenza le migomo ethuthukisiwe itholakale eMisebenzini. Uyaqonda futhi uyavuma ukuthi ukuqhubeka kwakho nokusebenzisa Imisebenzi ngemuva kokuthi senze lezo zinguquko ukwamukela kwakho Imigomo ethuthukisiwe. Ungayeka ukusebenzisa Imisebenzi nganoma isiphi isikhathi uma ungavumelani nale Migomo. Ngoba Imisebenzi iyashintsha ngokuhamba kwesikhathi singahle sishintshe noma siyekise yonke noma ingxenye yeMisebenzi, nganoma isiphi isikhathi nangaphandle kokukwazisa, ngelungelo lethu sodwa lokunquma.

**1.5Imigomo Eyengeziwe.** Imigomo nemibangela eyengeziwe ingasebenza kuma-app athile, okuqukethwe, izici, noma ingxenye yeMisebenzi, kanye nayo yonke imigomo nemibandela eyengeziwe efanayo esikunikeza yona izokwakha ingxenye yale Migomo.

2. **Imisebenzi**

**2.1 Iwalethi Engagciniwe**

I-App ihlanganisa iwalethi enganakekelwa nengagciniwe egcina ama-cryptocurrency asekelwayo, amathokheni angashintsheki (Non-Fungible Tokens, NFT), amakharensi obuchwepheshe, noma izimpahla zobuchwepheshe (okuhlanganisa i-WLD kanye nenhlanganisela, “Yamathokheni Obuchwepheshe”). Ulawula Amathokheni Obuchwepheshe agcinwe kuwalethi. Nge-App, izinhlamvu eziyimfihlo (ezimelela iphasiwedi yokuthola i-cryptocurrency) kugcinwa ngokuqondile emshinini wakho ophathwayo. Nganoma isiphi isikhathi, umsebenzisi kudingeka asebenzise i-inthanethi kanye nokugcwala kwezinhlelo zokwenza amadokhumenti okuthengiselana, kungenzeka uhoxise Amathokheni akho Obuchwepheshe ngokuwathumela ekhelini elihlukile lwezinhlelo zokwenza amadokhumenti okuthengiselana. Uma ugcina Amathokheni akho Obuchwepheshe kuwalethi, asikwazi ukulawula kuyiwalethi yakho, Amathokheni Obuchwepheshe, noma izinhlamvu eziyimfihlo. Abasebenzisi banomthwalo wengozi yokulahlekelwa izinhlamvu eziyimfihlo futhi i-TFH noma i-App ayikwazi ukubuyisa lezo zinhlamvu.

Njengoba i-App iyiwalethi engagciniwe, uzonikezwa ikheli lewalethi elichaza ukuthi amaThokheni akho Obuchwepheshe agcinwa endaweni efanele yokwenziwa kwamadokhumenti okuthengiselana. Ikheli lewalethi yakho lingatholakala kwezinye izisombululo zamawalethi angagciniwe abanye.

**2.2 AmaThokheni Obuchwepheshe Asekelwayo**

I-App isekela amathokheni e-ERC-20. Singanezela usizo kumaThokheni Obuchwepheshe engeziwe esikhathini esizayo. Ungabona ukuthi imaphi Amathokheni Obuchwepheshe asekelwa ithi kuyi-App.

Uyaqonda ukuthi ukuthumela amaThokheni Obuchwepheshe angasekelwa ekhelini lakho lewalethi ye-App kusho ukuthi kungenzeka ulahlekelwe ikho konke ukuthola lawo maThokheni Obuchwepheshe. Asinayo indlela yokubuyisa amathokheni obuchwepheshe athunyelwe ekhelini lewalethi elinganembile. Qiniseka ukuthi uthumela amaThokheni Obuchwepheshe ekhelini elifanele lewalethi ngaso sonke isikhathi, futhi njalo hlola ukukhokha ngenani elincane lamaThokheni Obuchwepheshe.

**2.3 Izipho kanye Nokutholakala**

Uma usebenzisa amathokheni akho Obuchwepheshe – njengokuwathumela kwelinye ikheli lezindlela zokuhwebelana noma ukuxhuma ohlelweni oluhlinzekiwe – usebenzise Imisebenzi, kuzodingeka ukugunyaze noma “usayine” lokhu kusebenzisa ngomshini wobuchwepheshe owusebenzisile phakathi nenqubo yokubhalisa. Sincike ngokugcwele kulokhu kugunyaza kwakho okuvela kule mishini ukuze siqaphe lokhu kuthumelelana imali ezinhlelweni zokuthengiselana futhi asinasibopho sokungenelela noma ukuphenya ukuba iqiniso noma ukunemba kokuthumela noma iyiphi imali noma ukusebenzisana okuqaliswe nguwe.

**2.4 Imininingwane mayelana Namathimba Angaphandle**

Ngokusebenzisa Imisebenzi kungenzeka uthole imininingwane emayelana namaThokheni akho Obuchwepheshe, anjengenani lawo lamanje emakethe, kodwa akugcini kulokhu. Ukwethulwa kwalo mniningwane akuthinti noma ikuphi ukusebenzisana noma ukugunyazwa kwamathimba angaphandle, ngisho noma imisebenzi ethile enikeziwe ehlobene neMisebenzi idinga ukuthi kusentshenziswe umkhiqizo wamathimba angaphandle. Izinkonzo kanye nemisebenzi enjalo equkethwe ilawo mathimba angaphandle kanye njengoba kuveziwe kwethi Imisebenzi kuncike emininingwaneni eyenziwe yatholakala emphakathini noma eyenziwe yatholakala kithi ilawo mathimba angaphandle, ngakho asimeleli noma siqinisekise ukunemba kwenkonzo noma imininingwane ehlobene nomkhiqizo kwalawo mathimba angaphandle.

**2.5 Imisebenzi Eyenziwa Ngaphandle**

Imisebenzi kungenzeka ukunikeze amalinki abacubunguli bangaphandle ukuze bacubungule ukuthengiselana njengokuthenga ngemali amaThokheni Obuchwepheshe, ukuthengisa amaThokheni Obuchwepheshe, ukushintsha amaThokheni Obuchwepheshe, kanye neminye imisebenzi okungenzeka itholakale esikhathini esizayo. Ungabona ukuthi imiphi imisebenzi yangaphandle etholakalayo kuyi-App. Uma wenza lokhu kuthenga, uthenga kubantu bangaphandle hhahyi kithi. Kumelwe ulandele iziqondiso ozinikezwe umhlinzeki wethimba langaphandlefuthi wamukele imigomo yabo yomsebenzi. Asikulawuli noma sithumele imali yakho noma Impahla Yobuchwepheshe nganoma isiphi isikhathi uma usanikeza Imisebenzi yethu noma ngesikhathi uthola izinkonzo zethimba langaphandle.

**2.6 Ubufakazi Bokuba Umuntu (I-World ID)**

Sinikezaimisebenzi esivumela ukuthi sifakazele ukwehluka kanye nokuba umuntu ngokunikeza imininingwane emincane ngangokunokwenzeka (Ubumfihlo Ekunikezeni Ubufakazi Bokuba Umuntu). Ukuze sisebenzise ukuqinisekisa okuphephile, sizenzele umshini obizwa nge-Orb. Uqinisekisa ukuthi “ungumuntu ohlukile” ngaphandle kokukufuna ukuthi unikeze noma imaphi amadokhumenti kamazisi noma eminye imininingwane emayelana nokuthi ungubani. I-Orb ithatha uchungechunge lwezithombe ezisezingeni eliphezulu zamehlo akho (ngokuqondile, amehlo akho) kanye nobuso (kokubili ikhanda namahlombe akho). Izinhlelo zethu zokusebenza zihlola isithombe ukuze zibone izinkomba zokukhonyovu. Ezithombeni zamehlo i-Orb ibala ukuhluka kweKhodi ye-Iris eqhathaniswa namaKhodi e-Iris akudathabhesi yethu atholwe ekungeneni okwendlule.

Uma ukwehluka kwakho kanye nokuqinisekisa ukuthi uwumuntu sekuqinisekisiwe ilolu hlelo, uzothola omunye ukhiye we-Wordlcoin ID yakho siqu neyomphakathi. Le-World ID ikubumela ukuthi uqinisekise ukuthi i-Worldcoin kanye nezinye izinhlelo oziqinisekisile nge-Orb njengomuntu ohlukile ngaphandle kokunikeza noma imiphi eminye imininingwane (Ubumfihlo Bokunikeza Ubufakazi Bokuba Umuntu). Izithombe zakho azihlanganiswa ne-World ID yakho.

**2.7 Ukuthengiselana Umuntu Nomuntu**

Imisebenzi ukuvumela ukuthi uthumele amaThokheni Obuchwepheshe asekelwayo, ucele, uthole, uphinde ugcine amaThokheni Obuchwepheshe asekelwayo avela, ethimbeni langaphandle ngokunikeza iziqondise isebenzisa Imisebenzi. Ukuthumela kwakho amaThokheni Obuchwepheshe asekelwayo phakathi kwamanye amawalethi okuhwebelana aye noma avele emathimbeni engaphandle kuwukuthumela. Uma wena noma amathimba angaphandle nithumela amaThokheni Obuchwepheshe ekhelini lakho lewalethi, umuntu oqalisa lokukhokha unomthwalo wokwenza lokukhokha ngendlela efanele, phakathi kwezinye izinto okungahlanganisa, ukukhokhela zonke izindleko zenethiwekhi ukuze ukuthengiselana kuphumelele. Ukushoda kwezindleko zenethiwekhi kungaholela ukuthi ukuthumela kugcinwe kusesimweni sokulinda futhi kungaholela ekwephuzeni noma ekulahlekelweni okwenzeka njengomphumela wephutha ekuqalisweni kokuthengiselana. Asinazibopho zokusiza ekubiyisweni kwalokho kuthengiselana. Uma uthumela noma imaphi amaThokheni Obuchwepheshe asuka kuyiwalethi yakho aye kwenye iwalethi yohlobo lokuhwebelana, lokho kuthumela kulawulwa nguwe hhayi ngaphansi kokuqondisa kwethu. Kumelwe uqinisekise yonke imininingwane yokuthengiselana ngaphambi kokuyithumela. Esimweni lapho ufake khona imininingwane yekheli othumela kulo enganembile asithinteki noma sibe nesibopho ngalokho.

AmaThokheni Obuchwepheshe angeke ajikiseke uma esethunyelwe kuleyo nethiwekhi yokuhwebelana, nakuba kungenzeka abe sesimweni sokulinda, futhi athunyelwe ngendlela, njengoba ukuthengiselana kucutshungulwa abasebenzisi benethiwekho. Asilawuli inethiwekhi futhi asiqinisekisi ukuthi ukuthumela kuzoqinisekiswa inethiwekhi.

**2.8 I-P2P Marketplace**

Uma itholakala, sinikela i-P2P Marketplace ukuthi ithenge futhi idayise amaThokheni Obuchwepheshe. I-P2P Markertplace ilawulwa imigomo eyengeziwe, etholakala lapha.

**2.9 Izinhlelo Zokuhweba Ezilawulwa Abantu Abaningi**

Kungenzeka ube nemisebenzi ekuvumela ukuthi uxhume iwalethi yakho nezinhlelo zokuhweba ezilawulwa abantu abaningi. Uwena kuphela onomthwalo wokuqinisekisa ukuphepha kanye nokuvikeleka kwalezi zinhlelo zamathumba angaphandle. Asizilawuli izinhlelo zamathimba angaphandle futhi alukho usizo esingalunikeza nganoma iziphi izinkinga ongabhekana nazo uma uxhumanisa nezinhlelo zamathimba angaphandle.

**2.10 Usizo Lwekhasimende**

Sinikeza usizo lwekhasimende ukuze usizwe ngezici ezithile nokusebenza okuhlobene neMisebenzi. Ukuze usithinte, khetha okuthi “Usizo” okukumenyu ye-app.

3. **Ukuthenga, Izindleko, kanye Nentela**

**3.1 Izindleko Zokuthengiselana**. Ngokusebenzisa Imisebenzi, uyavuma ukuthi uzokhokhela zonke izindleko ezikhona, okuhlanganisa nezindleko zokuthengiselana zokushintshana nokuthengiselana ngamaThokheni Obuchwepheshe. Sizokwazisa nganoma iziphi izindleko ezikhona ngaphambi kokuqala ukuthengiselana. Uma usebenzisa izinkonzo zokukhokhelana zethimba langaphandle, izindleko zasebhange, izindleko zekhadi le-credit nele-debit ezibiziwe zokuthenga amaThokheni Obuchwepheshe kungenzeka zingafakwa enanini elishiwo lokuthenga amaThokheni Obuchwepheshe. Unomthwalo wokukhokhela ezinye izindleko esengeziwe ezibizwe umhlinzeki wakho wezimali.

**3.2 Izindleko Zenethiwekhi**. Ukusebenzisana nezinhlelo zokuhwebelana nakho kunezindleko. Izindleko zenethiwekho azibizwa futhi zikhokhelwe yithi kuyinethiwekhi yohlelo lokuhwebelana, zokuqapha noma ikuphi ukusebenzisana.

**3.3 Izintela**. Kuwumthwalo wakho wedwa ukubona ukuthi noma iziphi izintela ezifakwe kunoma ikuphi ukuthengiselana kusentshenziswa Imisebenzi zikhona yini nokuthi zingakanani, kanye nokubamba, ukuthatha, ukubika nokukhokhisa inani elifanele lentela emagunyeni entela afanele.

**3.4 Okwakamuva**. Zonke izindleko zivezwe futhi zinjengoba zibonisiwe kwethi Imisebenzi futhi zingathuthukiswa futhi zishintshwe ngokuhamba kwesikhathi.

4. **Izici Zobungozi**

**4.1 Akulona Uhlobo Lwemali Olusemthwethweni.** AmaThokheni Obuchwepheshe awalona uhlobo lwemali olusemthethweni, futhi awaphethwe inoma imuphi uhulumeni, futhi ama-akhawunti amaThokheni Obuchwepheshe kanye nokuba igugu kwawo kwethi Imisebenzi akuvikelwe ngaphansi kwe-Federal Deposit Insurance Corporation, Securities Investor Protection Corporation, noma ezinye izindlela zokuvikela ezitholakala kwamanye amazwe. Asilona ibhange futhi asinikezi izinkonzo zezimali. Njengomhlinzeki wohlelo lwekhompyutha, asilawulwa ngaphansi kwanoma imuphi uhulumende noma izinhlangano zamagunya alawulayo ombusofuthi akudingeki sihlolwe noma sibike ngokwezimfuneko zalezo zinhlangano. Asiqinisekisi noma ikuphi ukusebenza kwezinhlelo zokuhweba esizisekelayo, okungabangela, phakathi kwezinye izinto, ukubambezeleka, ukushayisana kwezinzuzo, noma izinqumo zokusebenzisa zamathimba angaphandle ezingathandwa abanikazi bamaThokheni Obuchwepheshe abathile, noma kuholele ekutheni ungakwazi ukuqeda ukuthengiselana usebenzisa Imisebenzi. Imininingwane yokuthengiselana oyithumelayo ngeMisebenzi kungenzeka ingaqedwa, noma kungenzeka ibambezeleke ezinhlelweni zokuhwebelana, futhi asinamthwalo wokwehluleka ukuqinisekisa ukuthengiselana noma ukucutshungulwa kwawo ngendlela elindelekile. Akukho ziqinisekiso noma amagaranti pokuthi ukuthumelwa okuqalwe ngeMisebenzi kuzodlulisela ngokuphumelelayo noma kahle isihloko sanoma imaphi amaThokheni Obuchwepheshe .

**4.2 Ubuchwepheshe Obusha.** Imisebenzi misha. Nakuba lolu hlelo lwekhompyutha luhlolwe kakhulu, uhlelo lwekhompyutha

lusebenzisa olusentshenziswe Imisebenzi lusaselusha futhi kungenzeka lwehluleke noma lube buthaka kwezokuphepha. Ukwenezela, uhlelo lwekhompyutha lusathuthukiswa futhi kungenzeka lwenziwe ushintsho oluningi olukhulu ngokuhamba kwesikhathi olungahlangabezana nokulindelwe umsebenzisi.

**4.3 Imininingwane Yokuvikela Ingozi.** AmaThokheni Obuchwepheshe kanye nokusebenzisa Imisebenzi kungenzeka kudliwe noma kwebiwe. Abagqekezi bamakhompyutha namanye amaqembu asolisayo noma izinhlangano zingazama ukusebenzisa Imisebenzi ngezindlela ezihlukahlukene, okuhlanganisa ukuhlasela nge-malware, ukuhlasela ngokuvimba izinkonzo, ukuhlasela okusekelwe esivumelwaneni, ukuhlasela kwe-Sybil, ukugcinwa kwemali kwamanye amazwe kanye nokwebiwa kwemininingwane yomuntu. Ukwenezela, ngenxa yokuthi amanethiwekho okuhweba esiwasekelayo njenge-Ethereum protocol, ancike ezinhlelweni zekhompyutha zokuhlinzeka ezivulelekile, izinhlelo zekhompyutha ezisebenzisa Imisebenzi kungenzeka ngenhloso noma ngokungenhloso zibe nama-bug noma ubuthakathaka okungenzeka buthinte ngendlela embi Imisebenzi noma kuphumele ekulahlekeni kwamaThokheni Obuchwepheshe abasebenzisi noma kulahleke ukukwazi komsebenzisi ukuthola noma ukulawula i-akhawunti yakhe. Esimweni se-bug noma ubuthakathaka obunjalo bohlelo lokusebenza, kungenzeka kungabi nakhambi futhi abasebenzisi abaqinisekiswa nganoma iliphi ikhambi, ukubuyiselwa okulahlekile noma ukungxeshezelwa.

**4.4 Ukunemba.** Nakuba sihlose ukunikeza imininingwane enembile ngesikhathi sisebenzisa Imisebenzi (okuhlanganisa, okuqukethwe, okungenamkhawulo) kodwa angeke kwenzeke ngaso sonke isikhathi ukuthi ionembe, iphelele noma ibe eyamuva futhi kungenzeka ihlanganise ukunganembi kwezobuchwepheshe noma amaphutha. Emzamweni wethu wokuqhubeka sikunikeza imininingwane ephelele nenembile ngangokunokwenzeka, imininingwane kungenzeka, ngokwezinga elivunyelwe umthetho, ushintshwe noma uthuthukiswe ngokuhamba kwesikhathi ngaphandle kokukwazisa, okuhlanganisa nokungagcini emininingwaneni yethu ephathelene nezinqubomgomo, imikhiqizo Kanye nemisebenzi. Ngokuvumelanayo, kumelwe uqinisekise yonke imininingwane ngaphambi kokuthembela kuyo, futhi zonke izinqumo ezinikezwe kule Misebenzi zingumthwalo wakho siqu futhi angeke siphendulo ngalezo zinqumo.

**4.5 Ukutholakala**. Nakuba siphishekela ukukunikeza izinkonzo ezinhle, asiqinisekisi ukuthi Imisebenzi izotholakala ngaphandle kokuphazamiseka. Imisebenzi kungenzeka ingatholakali okwesikhashana ngezinye izikhathi ngezizathu zokulungisa kokunakekela noma ezinye izizathu. Asinamthwalo wanoma imaphi amaphutha, ukukhishwa, ukuphazamiseka, ukwesulwa, isici, ukubambezeleka ekusebenziseni noma ekudluliseleni, ukwehluleka kwezinhlelo zokuxhumana, ubugebengu noma ukonakaliswa noma ukutholakala okungagunyaziwe, noma ukushintshwa kwezokuxhumana zomsebenzisi. Asinamthwalo wanoma iziphi izinkinga noma ukungasebenzi kahle kobuchwepheshe kwanoma iyiphi inethiwekhi yocingo noma ulayini, izinhlelo ze-inthanethi ye-khompyutha, amaseva noma abahlinzeki, izinto zekhompyutha, izinhlelo zekhompyutha, ukwehluleka kwama-imeyile noma abaxazululi bezinkinga zobuchwepheshe kuma-akhawunti noma ubuningi babantu abaxhume ku-inthanethi noma eminye Imisebenzi noma inhlanganisela yalokho, okuhlanganisa ukulimala noma ukulimala kwabasebenzisi noma amanye amakhompyutha abantu okuwumphumela wokuthatha ingxenye noma ukudawuniloda izinto ezihlobene neMisebenzi. Asinazibopho zanoma ikuphi ukulahlekelwa noma ukulimala, ukulahlekelwa okungokwezimali noma ukulahlekelwa izinzuzo, ukulahlekelwa ibhizinisi, noma ukulimala ngokoqobo noma ukufa, okuwumphumela wokusebenzisa kwanoma ubani le Misebenzi, noma ikuphi Okuqukethwe okufakwe noma okufakelwe Imisebenzi noma okuthunyelwe kubasebenzisi, noma ikuphi ukusebenzisana phakathi kwabasebenzisi beMisebenzi, kungaba ku-inthanethi noma ngaphandle kwe-inthanethi.

**4.6 Ukuhlukanisa**. Uhlelo lwekhompyutha olusentshenziselwe ukwenza i-WLD luwuhlelo oluvulelekile nolumahhala kunoma ubani ukuthi angalukopisha aphinde alusebenzise. Lokhu kushi ukuthi ungenza uphinde uthuthukise uhlelo lwe-WLD, okwazowa ngokuthi "UkuHlukanisa." Esimweni sokuHlukanisa nanoma ikuphi ukuphazamiseka kuyinethiwekhi yamaThokheni Obuchwepheshe, angeke sikwazi ukusekela noma imuphi umsebenzi ohlobene nokuHlukanisa. Ukuthengiselana kungenzeka kungaqedwa, kuqedwe ngokwengxenye, kuqedwe ngokunganembile, noma kubambezeleke kancane uma kwenzeka ukuHlukanisa. Asinamthwalo wanoma ikuphi ukulahlekelwa obhekane nakho okubangelwe ikona konke noma ingxenye yokuHlukanisa noma okunye ukuphazamiseka kweNethiwekhi.

5. **Ubunikazi.**

**5.1 Ubunikazi**. Uhlelo lwethu lwekhompyutha, i-app, Imisebenzi, Okuqukethwe, Amamaki (njengoba kuchazwe ngezansi) kanye nemiklamo, ukukhethwa kanye nohlelo Lokuqukethwe kweMisebenzi (i-"IP") kuvikelwe ilungelo lokukopisha, uphawu lokuhweba, ilungelo lobunikazi, kanye namanye amalungelo nemithetho yobunikazi yase-United States namanye amazwe okusebenzayo kuwo.

Uyavuma ukuhambisana nawo wonke amalungelo nemithetho yobunikazi, kanye nanoma imiphi imithetho yophawu lokuhweba noma ilungelo lokukopisha noma izivimbelo eziqukethwe Esivumelwaneni noma Imisebenzi. Angeke ukwazi ukususa noma iliphi ilungelo lokukopisha, uphawu lokuhweba, noma imithetho yobunikazi equkethwe kuyi-IP.

**5.2 Izimpawu Zohwebo.** Igama Tools for Humanity Corporation, igama le-Worldcoin nemiklamo, i-logo ye-"Seven Hands" kanye nawo wonke amanye ama-logo ahlobene nawo, kanye neziqubulo kuyizimpawu zokuhweba noma izimpawu zenkonzo Tools for Humanity Corporation ("Izimpawu"). Angeke ukwazi ukukopisha, ukulingisa, noma ukusebenzisa Izimpawu, zizonke noma ingxenye, ngaphandle kwemvume yethi ebhalwe phansi. Zonke ezinye izimpawu zokuhweba, amagama, ama-logo achaziwe ahlobene neMisebenzi kuyimpahla yabanikazi bazo futhi angeke ukwazi ukukopisha, ukulingisi, noma ukuzisebenzisa, zizonke noma ingxenye yazo, ngaphandle kwemvume ebhalwe phansi yabanikazi bezimpawu zokuhweba azesebenzayo. Ukufakwa kwanoma iziphi izimpawu zeminye Imisebenzi akwenzi ukugunyaza, ukuvumela, noma okutuswe ithina.

6. **Amalayisensi kanye Nezivimbelo**

**6.1 Ilayisensi**. Sicabangela ukuthi uyafaneleka ukusebenzisa Imisebenzi kanye nokubhekisela ekuthobeleni kwakho le Migomo, lapha sikunikeza ilayisensi elinganiselwe yokusebenzisa Imisebenzi.

**6.2 Izivimbelo Zelayisensi**. Angeke ukwazi ukuphinde unyathelise Okuqukethwe kuyisayithi ye-Inthanethi, i-Intranet noma i-Extranet noma sihlanganise imininingwane kunoma imaphi amanye amadathabhesi noma okokuhlanganisa, kanye nanoma ikuphi ukusebenzisa Okuqukethwe okwenqantshelwe ngokuqinile. Noma ikuphi ukusebenzisa Imisebenzi ngaphandle kokugunyazwa okuqondile lapha, nangaphandle kwemvume ebhaliwe, kwenqatshelwe ngokuqinile futhi kuzonqamula ilayisensi enikezwe lapha. Ukusentshenziswa okunjalo kungaphinde kwephule imithetho esebenzayo okuhlanganisa imikhawulo yelungelo lokukopisha kanye nezimpawu zokuhweba kanye nemithethonqubo yokuxhumana esebenzayo kanye nezimo. Ngaphandle kwalapho kuvezwe khona ngokucacile, akukho lutho kule Migomo okuchazwa njengokunikeza noma iyiphi ilayisensi yamalungelo obunikazi, noma okuvimbela, ukuhileleka noma ngenye indlela. Le layisensi ingahoxiswa ithina nganoma isiphi isikhathi ngaphandle kwesaziso kanye noma ngaphandle kwesizathu.

**6.3 Uhulumeni**. Uma ungumsebenzisi ongaphansi kukaHulumeni wase-U.S, siyakunikeza ilayisensi yale Misebenzi "Njengempahla Yokuhweba" njengoba lelo gama lichazwe kuyi-U.S Code of Federal Regulations (bheka i-48 C.F.R. § 2.101), futhi amalungelo esikunikeza wona kule Misebenzi ayalingana namalungelo esiwanikeza abanye abangaphansi kwale Migomo.

7. **Ukusebenzisa Okwamukelekayo**

7.1 Ungazisebenzisela wena kuphela Imisebenzi. Sigodle ilungelo ngaso sonke isikhathi nangokombono wokwahlulela kwethu, sikhansele noma simise okwesikhashana ukuthola noma ukusebenzisa kwakho Imisebenzi. Izimpahla ohlwini Lokusebenzisa Okwenqatshelwe kumane kuyizibonelo futhi uhlu alupheleli lapha; kungenzeka sinezele noma sisuse ukusebenzisa okwenqatshelwe ngokokwahlulela kwethu.

7.2 Ukusebenzisa Okwenqatshelwe kuhlanganisa:

- **Umsebenzi Ongekho Emthethweni:** Noma imuphi umsebenzi ongephula, noma usize ekwephulweni kwanoma iziphi zinhlelo zonswinyo ezilawulwa i-OFAC; kwephula, noma kusize ekwephulweni kwanoma imuphi umthetho kwamanye amazwe esiqhuba ibhizinisi khona; okuhlanganisa ukwenziwa kwanoma imiphi imisebenzi engekho emthethweni; noma ukunyatheliswa, ukusakazwa, noma ukusabalaliswa kwanoma iziphi izinto noma imininingwane engekho emthethweni.

- **Ukusentshenziswa Okungaphezulu Kokudingekayo noma Ukugqekezwa:** Noma imuphi umsebenzi ophoqelela ukufakwa okungenangqondo noma ngokungalingani kwengqalasizinda; kulimaza ukusentshenziswa noma kuphange noma iluphi uhlelo lwekhompyutha, idatha noma imininingwane; ukuthumela noma ukufaka noma yini kweMisebenzi equkethe amagciwane, ama-trojan horse, ama-worm, kanye nanoma iziphi izinhlelo ezilimazayo noma ezibangela ukulimala; noma ukuzama ukuthola okungagunyaziwe ezinhlelweni zekhompyutha noma amanethiwekhi axhumene neMisebenzi.

- **Ukuhlukumeza Abanye:** Noma imuphi umsebenzi othinta ukuthola noma ukusebenzisa Imisebenzi komunye umuntu Imisebenzi; ehlambalaza, ihlukumeze, yenze imizamo, ikhathaze, kugade, kusongele noma ngenye indlela kwephule noma kwephule ubumfihlo bomunye umuntu, ubunikazi, noma amanye amalungelo omthetho; kugqugquzela, kusongele, kuqaphe, noma kukhuthaze inzondo, ukungabekezeleli ukucwaswa, noma izenzo zodlame kwabanye; noma kuvune, kuhwaye noma

kuqoqe imininingwane yomunye umsebenzisi kuMisebenzi ngaphandle kwemvume.

- **Ukukhwabanisa kanye Nezinye Izenzo Ezingenabulungisa Zebhizinisi:** Noma imiphi imisebenzi eyenzelwa ukukhwabanisa kithi, kumsebenzisi wethu, noma kwabanye abantu; kunikeza noma imiphi imininingwane engamanga, enganembile noma ekhohlisayo kithi; okuthembisa imiklomulo emikhulu noma ukuthengisa inkonzo ngaphandle kwezinzuzo ezinezelwe kumthengi; noma ukuqhubekisela phambili ukuxhaphaza abanye kanye nemisebenzi ekhohlisayo okuhlanganisa amalotho angekho emthethweni, ama-raffle, izindleko zokubhida endalini, imiqhudelwano, amakhompethishini, ukugembula, noma omunye umdlalo owina ngenhlanhla kuwo.
- **Ukwephulwa Komthetho Wobunikazi:** Noma imiphi imisebenzi ehilela ukuthengisa, ukusantshalaliswa noma ukwenziwa kutholakale umculo mbumbulu, amamuvi, izinhlelo zekhompyutha, noma amanye amalayisensi ezinto ngaphandle kokugunyazwa okufanele okuvela kumnikazi wamalungelo; ukusebenzisa i-IP (okuhlanganisa Umaki) ngaphandle kwemvume ebonisiwe noma ngenye indlela ethinta noma ibhrendi yethu; okubonisa ukugunyazwa okungelona iqiniso noma ukuzihlanganisa nathi; noma okweqa noma okwephula noma iliphi ilungelo lokukopisha, uphawu lokuhweba ilungelo lokudalulwa emphakathini noma ubumfihlo, noma amanye amalungelo obunikazi angaphansi komthetho.

8. **Abasebenzisi be-Orb**

Sisebenzisana nezinkontileka zendawo ezibizwa "Ngabasebenzisi be-Orb," okwenza kube lula ngomsebenzisi ukungena kuphinde kusize ekuphenduleni imibuzo okungenzeka ube nayo mayelana nathi. Laba Basebenzisi be-Orb bathole ukuqeqeshwa futhi banolwazi mayelana ne-Worldcoin. Noma kunjalo, asilawuli futhi asizibophezeli kunoma ikuphi abakushoyo noma indlela abziphatha ngayo. **Abasebenzi be-Orb abazona izinhlangano noma abasebenzi bethu nganoma iyiphi indlela. Noma imuphi umzamo, isici, inqubo, umgomo, izinqubo, noma eminye imizamo ethathwe i-TFH ngezinzuzo zabasebenzisi bayo akubonisi ukuqashwa noma ukuhlobana kwenhlangano Nomsebenzi we-Orb**.

9. **Ukumiswa**

Kungenzeka simise noma simise imikhawulo yokuthola kwakho Imisebenzi: (i) Uma kudingeka ngokwesamanisi elihilela ubuso elisebenzayo, umyalelo wenkantolo, noma umyalelo obophezelayo wegunya likahulumeni; (ii) Uma sikusola ngokufanele ukuthi usebenzisa Imisebenzi ngendlela Yokusebenzisa Engafanele; (iii) Ukusebenzisa kwakho Imisebenzi kubhekiswe emithethweni esalindili, uphenyo, noma izinqubo zikahulumeni kanye/noma sibona ukungathobelwa okukhulu komthetho noma abalawuli abahlobene nemisebenzi yakho; (iv) Abalingani bezinkonzo zethu abakwazi ukusekela ukusebenzisa kwakho; (v) Uthathe noma iziphi izinyathelo esizibheka njengezingale kokulawula kwethu.

10. **Akuzona Izipho Zokuvikela noma Inzuzo Yempahla**

Okuqukethwe Imisebenzi akwakhi isithembiso sokuthenga noma ukuthengisa noma ukucela isithembiso sokuthenga noma ukuthengisa izimali ezitshaliwe, izibambiso, izinzuzo zokusebenzisana, izinto eziyigugu noma amathuluzi ezimali; okuqukethwe noma Imisebenzi kuphinde kungakhi, futhi kungenzeka kungasentshenziselwa ukuxhuma noma ngokuxhumene nomtitilizo noma ukucelwa othile kunoma isiphi isimo noma igunya leso sithembiso noma ukucelwa okungagunyazwanga noma okungavunyelwe, noma kunoma imuphi umuntu okungenzeka kungabi semthethweni kuye ukwenza leso sithembiso noma isicelo.

11. **Okuqukethwe**

**11.1 Ukuthembela Kokuqukethwe, Ushintsho lweMisebenzi.** Imininingwane kanye nezinto esikunikeza zona sisebenzisa Imisebenzi ("Okuqukethwe") kungokwezinjongo zemininingwane evamile, futhi asiqinisekisi noma ikuphi ukunemba, ukusebenziseka noma ukuphelela kwawo. Noma ikuphi ukuthembela okubeka Kokuqukethwe kwethu kuyingozi kuwe ngokuqinile. Asinasibopho noma umthwalo wanoma iziphi izinyathelo ozithathayo noma ongazithathi ngenxa Yokuqukethwe, noma kunoma ubani ohlanganyela naye Okuqukethwe. Ezinye izitatimende zomsebenzisi ezichaza ukusebenzisa kwabo Imisebenzi yethu etholakala kwethi Imisebenzi noma kwezinye izindawo akumelwe zibhekwe njengokugunyaza kwethu izitatimende zabo uma izitatimende zingavumelani nale Migomo noma Okuqukethwe kwethu. Kungenzeka sithuthukise okuqukethwe ngokuhamba kwesikhathi, kodwa lokho Okuqukethwe kungenzeka kungapheleli noma kungabi okwamuva, futhi asinasibopho kuwe sokuthuthukisa Okuqukethwe noma ezinye izingxenye zeMisebenzi. Kungenzeka silungise noma siyeke, okwesikhashana noma ngokuphelele, noma iyiphi ingxenye noma konke Okuqukethwe noma Imisebenzi ngaphandle kokukwazisa kusengaphambili. Angeke sibe nomthwalo wanoma ikuphi ukuguqulwa, ukumiswa, noma

ukuyekiswa kwengxenye noma konke okuqukethwe noma Imisebenzi.

**11.2 Imisebenzi kanye Nokuqukethwe Kwethimba Elingaphandle**. Singanikeza amalinki ezinto zemfundo, ukuqeqeshwa okwenziwa nge-inthanethi, imihlangano, kanye nezikhangiso ezinkundleni zokuxhumana ("Imisebenzi Yamathimba Angaphandle") okuvumela ukuhlanganyela kanye nokusebenzisana phakathi kwabasebenzisi kanye namanye amathimba angaphandle. Uma uhlanganyela noma imiphi imininingwane yomuntu siqu, izithombe, imibono, okuqukethwe, noma eminye imininingwane yalezo zinkonzo, ukwenza lokho ngokuzifaka wena engozini, futhi ukusebenzisa ukwakho izinkonzo kubhekiswe emigomweni yokusebenzisa kanye nemithetho yobumfihlo yalezo zinkonzo, hhayi eyethu. Kumelwe uhlole imigomo yezinkonzo zeMisebenzi Yethimba Langaphandle ukuze uqonde kancono amalungelo akho, kanye nesimo lezo zinkundla ezisebenzisa imininingwane yakho. Asinasibopho sanoma ikuphi ukulahlekelwa, ukwebiwa, ukuyekethisa, noma ukusebenzisa kabi imininingwane yakho nganoma iyiphi indlela okuhlobene neMisebenzi Yethimba Langaphandle (okuhlanganisa ukuba budedengu) ngaphandle kwalapho leso sibopho singalinganiselwa ngaphansi kwemithetho esebenzayo. Ukusebenzisa kwakho imininingwane enikezwe Imisebenzi Yethimba Langaphandle ("Okuqukethwe Kwethimba Langaphandle") kungokokuzifaka wena engozini, futhi asikuthembisi ukuthi noma ikuphi Okuqukethwe Kwethimba Langaphandle kunembile, kuphelele, kuyiqiniso, noma kuyafaneleka ngokwezimo zakho siqu. Okuqukethwe Kwethimba Langaphandle kuhlanganisa imininingwane enikezwa abanye abasebenzisi abangavunyelwanga yithi ngokuqondile.

**11.3 Okuqukethwe Komsenzisi**. Njengelungu lomphakathi we-Worldcoin, ungaphosta imilayezo, idatha, uhlelo lwe-khompyutha, izithombe, amavidiyo, noma okunye okuqukethwe ("Okuqukethwe Komsebenzisi") kumabhodini emilayezo, amabhulogi, ama-akhawunti ezinkundla zokuxhumana angawethu, kanye nezinye izindawo ezihlukahlukene ezitholakala emphakathini kokuthi Imisebenzi. Lezi zinkundla kungenzeka zisingathwe ithina noma Abahlinzeki Bemisebenzi Bethimba Langaphandle bemelela thina. Unesibopho sakho konke Okuqukethwe Komsebenzisi okuthumelayo, okufakayo, okuphostayo, noma okugcina usebenzisa Imisebenzi. Kumelwe unikeze zonke izixwayiso, imininingwane, kanye nokudalulwayo kuye ngoKuqukethwe Komsebenzisi. Asinasibopho sanoma ikuphi Okuqukethwe Komsebenzisi okuthumelayo usebenzisa Imisebenzi.

**11.4 Ilayisensi Yomsebenzisi Yokuqukethwe**. Ngokusithumelela Okuqukethwe Komsebenzisi, uchaza ukuthi unawo wonke amalungelo adingekayo Okuqukethwe Komsebenzisi ngakho usinikeza ilayisensi engaphelelwa isikhathi, yomhlaba wonke, engakhethekile, engakhokhelwa mali, engadluliselwa kwamanye amalayisensi angaphansi kwayo nengashintsheka yokusebenzisa, ukukhiqiza, ukusakaza, ukulungisela imisebenzi ephuma kweminye, ukulungisa, ukuveza kanye nokwenza yonke noma ingxenye Yokuqukethwe Komsebenzisi okuhlobene nokuhweba kanye nezikhangiso, kanye nokwezinye izinjongo ezisemthethweni zebhizinisi ezihlobene neMisebenzi. Singaphinde sisakaze ingxenye noma yonke imisebenzi ephuma kweminye evela Kokuqukethwe Komsebenzisi kwakho kunoma iluphi uhlelo lwengosi nakuzo zonke izinhlelo zezingosi esizikhethayo. Lapha futhi usinikeza kanye nabo bonke abanye abasebenzisi ilayisensi yokusebenzisa ilungelo lobunikazi ukuze isebenzise, uthole, ikhiqize kabusha, isakaze, ilungise, iphinde iveze, iphinde isebenzise Okuqukethwe Komsebenzisi kusentshenziswa Imisebenzi.

**11.5 Imikhawulo Yokuqukethwe Komsebenzisi**. Uyavuma ukungasebenzisi, ungavumeli amathimba angaphandle ukuthi asebenzise Imisebenzi ukuze aphoste noma adlulise noma ikuphi Okuqukethwe Komsebenzisi oku: (a) yinhlamba noma okuhlambalazayo, noma okudalula izinto eziyimfihlo noma izindaba zomuntu siqu ezihlobene nanoma imuphi umuntu; (b) ngcolile, okungamanyala, okunezithombe ezingcolile zocansi, okukhathaza, kwesabise, kuhlukumeze, okungcwele inzondo, okucwasayo, noma okuhlukumeza olunye uhlanga; okukhuthaza ukuziphatha obekungabhekwa njengokwenza icala, okungabangela ukuhlawuliswa umthetho, noma okungephula noma imuphi umthetho, noma okungafaneleki; (c) ngephula amalungelo obunikazi abanye, okuhlanganisa imibhalo yelungelo lokukopisha engagunyaziwe, izithombe noma izinhlelo, izinto eziyimfihlo zokuhweba noma eminye imininingwane eyimfihlo nima ezinye izinto zenkampani eziyimfihlo, noma izimpawu zokuhweba noma izimpawu zemisebenzi ezisentshenziselwa ukwephulwa komthetho wezimfashini; noma (d) thinta ngendlela engenangqondo abanye abasebenzisi beMisebenzi yeWorldcoin. Usitshela ukuthi ngokuzithandela uphosta Okuqukethwe Komsebenzisi KwImisebenzi; ngokuvumelana nalokho, ukuphosta Okuqukethwe Komsebenzisi akwakhi ubudlelwane bomqashi nomqashwa phakathi kwakho nathi. Kungenzeka ungakwazi ukukopisha noma ukusebenzisa amakheli e-imeyile, izinombolo zocingo, amabhalansi, amagama abasebebenzisi, noma eminye imininingwane yomuntu siqu emayelana nabanye abasebenzisi ngaphandle kwemvume yabo. Ama-imeyile asolisayo, amaposi, ukushayelwa izingcingo noma ezinye izindlela zokuxhumana nabanye abasebenzisi kusentshenziswa Imisebenzi noma ezinye izinhlelo akuvumelekile.

**11.6 Izikhalazo kanye Nokwehliswa kwe-DMCA.** Uma ukholelwa ukuthi uphawu noma umsebenzi welungelo lakho lokukopisha lephulwa Okuqukethwe kwethu noma Okuqukethwe Komsebenzisi kokuthi Imisebenzi noma kunyatheliswe ngendlela esikisela ukugunyaza okuthile noma ukuzihlanganisa nathu, sicela usithumelele i-imeyile ku-hello@worldcoin.org esihlokweni se-imeyile ufake

ukuthi “Isikhalo [Sophawu Lokuhweba/Ilungelo Lokukopisha],” kungakhathaliseki ukuthi isimo siyini. Ukuze isikhalo sakho sisebenze futhi nathi sikwazi ukuthatha isinyathelo ngaphansi kwe-Digital Millennium Copyright Act (“DMCA”), kumelwe ulandele zonke izimfuneko ze-DMCA okuhlanganisa nemininingwane elandelayo kuyi-imeyile yakho:

- Ukudalulwa okucacile komsebenzi welungelo lokukopisha noma uphawu okhalaza ngalo ukuthi lwephuliwe, okuhlanganisa inombolo Yokubhalisa Yelungelo Lokukopisha uma lowo msebenzi ubhalisiwe;
- Ukudalulwa komsebenzi noma uphawu okukhalazwa ngalo ukuthi kwephula umthetho nokuthi ufuna ukulisusa;
- I-URL noma ezinye iziqondiso ezicacile ezizosivumela ukuthi sithole okuqukethwe okusolwa ngokwephula umgomo;
- Ikheli lakho le-imeyile, ikheli leposi, inombolo yocingo; kanye
- Nesitatimende esisayiniwe esibonisa ukuthi ukholelwa kahle ukuthi okuqukethwe kwephula umthetho, nokuthi imininingwane oyinikezayo inembile, nokuthi ungumnikazi noma ugunyaziwe ukumelela umnikazi wokuqukethwe.

Kumelwe uphinde uqaphele ukuthi ngaphansi kweSigaba 512(f) se-DMCA, noma imuphi umuntu othumela azi amanothisi angenamsebenzi okwephula umthetho kungenzeka abe necala lokulimala, ngakho sicela ungenzi izikhalazo ezingamanga. Kungenzeka sithumele noma imiphi imininingwane noma izincwadi osinikeza zona ethimbeni langaphandle, okuhlanganisa nomuntu ofake okuthile okusolwa ngokwephula umthetho KwImisebenzi.

Uma sithola *isaziso* sokwephula umthetho esiyiqiniso, inqubomgomo yethu ukuthi: (a) sisuse ngokushesha noma sivale ukutholakala kokuqukethwe okwephula umthetho; (b) sazise umuntu okufakile okwephula umthetho ukuthi sikususile noma sakuvala ukutholakala kwakho; bese (c) izaphula mthetho eziphindelelayo, sinqamule ukuthola kwalowo muntu Imisebenzi. Uma sithola isaziso sokuziphendulela esivela kulowo muntu, kungenzeka sikuthumelele ikhophi yesaziso sokuziphendulela esichaza ukuthi kungani kungenzeka siphinde sikubuyise okwasuswa noma sikuyeke ukukuvaka ezinsukwini ezingu-10 zokusebenza. Ngaphandle kwalapho uthatha isinyathelo sokufuna umyalelo wenkantolo ozomelana nathi noma nomuntu ofake okuqukethwe, sizophinde sibuyise ukutholwa kwento eyakhishwa ezinsukwini ezingu-10 ukuya kwezingu-14 zokusebenza noma ezengeziwe ngemuva kokuthi uthole isaziso, ngokokwahlulela kwethu.

12. **UBUFAKAZI BOKUZIKHULULA**

**12.1 Ukusebenzisa kwakho Imisebenzi kungokokuzifaka wena engozini. Imisebenzi, i-WLD, okuqukethwe kwanye nawo wonke amanye ama-IP anikezwe “NJENGOBA-ENJALO” kanye “NANJENGOBA ETHOLAKALA” ngaphandle kwanoma ikuphi ukumelelwa noma incwadi yobufakazi, kungakhathaliseki ukuthi kubonisiwe, kushiwo noma kungokomthetho. Ngokwezinga lokugcina elivunyelwa umthetho osebenzayo, siyawaphika ngokuqondile noma imaphi amawaranti ashiwo obunikazi, okuthengiselana, okufanelekela injongo ethile, noma angephuli umthetho ngokwezici, okuqukethwe, noma enye i-IP equkethwe kokuthi Imisebenzi. Eminye imithetho ayikuvumeli ukukhishwa kwamawaranti ashiwo, ngakho lokhu kukhishwa okuboniswe ngenhla kungenzeka kungasebenzi kuwe. Asivumi, siqinisekise, noma sisikisele isibopho sanoma ikuphi ukukhangisa, izithembiso, noma izitatimende ezenziwe amathimba angaphandle, okuhlanganisa abanye abasebenzisi okumayelana nokuthi Imisebenzi.**

**12.2 Asizenzi noma iziphi iziphakamiso noma amawaranti okuthi (a) ukuthola zonke noma ingxenye yokuthi Imisebenzi kuzoqhubeka, ngaphandle kokuphazamiseka, ngaso sonke isikhathi, kuphephe, noma kungabi naphutha; (b) Imisebenzi moma okuqukethwe kunembile, kuphelele, kunokwethenjelwa, noma okwamanje; (c) Imisebenzi ayinamagciwane noma ezinye izinto ezilimazayo, noma (d) ukuthi Imisebenzi noma okuqukethwe kuzohlangabezana nezimfuneko, izidingo, noma okulindelwe nguwe.**

**12.3 Ukwenezela, asizenzi noma iziphi izethulo noma amawaranti ahambisana nokuba semthethweni kweMisebenzi noma i-WLD noma isiphi isimo sokusentshenziswa, noma ukuthi Imisebenzi noma i-WLD izohlangabezana nanoma iziphi izidingo zeziphathimandla ezilawulayo noma ukuthobela. Unomthwalo wokuthola kanye nokuthobela yonke imithetho kanye nezivimbelo zeziphathimandla ezilawulayo kanye nezimfuneko okungenzeka zibuse ukusebenzisa kwakho Imisebenzi noma i-WLD. Ngaphandle kwesitatimende esiboniswe kule Migomo, lana uyakwamukela futhi uyakuvuma ukuthi awuthembele kunoma isiphi esinye isitatimende noma ukuqonda, kungaba okubhaliwe noma okushiwo ngomlomo, ngokuvumelana nokuthola nokusebenzisa kwakho Imisebenzi noma i-WLD.**

**12.4 Asiyisebenzi futhi ngeke sisebenze njengomeluleki wakho wanoma iziphi izindaba zezimali, ezomthetho, ukutshala imali, noma**

zentela. Okuqukethwe kwethu kumane kuyimininingwane evamile kuphela, futhi unesibopho sokuzitholela ukuthi uyisebenzise yini noma cha Imisebenzi. Uyavuma ukuthi ukuhweba, ukusebenzisa, kanye nokugcina amaThokheni Obuchwepheshe kuyingozi ngokuphelele. Kungenzeka ulahlekelwe iyo yonke imali ekuwalethi wakho. Uyawamukela ukuthi Imisebenzi kungenzeka kudingeke idlulisele izivimbelo kanye nonswinyo lwezomnotho oluphakanyiswe umthetho wase-U.S.

12.5 Asinasibopho kuwe noma ithimba langaphandle lanoma ikuphi ukulungiswa noma ukunqanyulwa kweMisebenzi, noma ukumiswa noma ukunqanyulwa kokuthola kwakho Imisebenzi.

13. IMIKHAWULO YOKUZIBOPHEZELA

13.1 Asizikhiphi noma sizilinganisele izibopho zethu kuwe uma kuyoba okungekho emthethweni ukwenza kanjalo. Emazweni lapho khona lezi zinhlobo ezilandelayo zokukhishwa zingavumelekile khona, sinesibopho kuwe kuphela lapho kube nokulahleka noma ukulimala okuwumphumela obonakalayo onengqondo wokwehluleka kwethu ukusebenzisa amakhono nokunakekela okufanele noma ukwephula kwethu inkontileka esinayo nawe. Lesi sigaba asithinti amalungelo omthengi angeke akwazi ukuyekwa noma ukulinganiselwa inoma iyiphi inkontileka noma isivumelwano.

13.2 Ngokwezinga elivunyelwa umthetho, uyavuma ukuthi ngaphansi kwanoma isiphi isimo thina nanoma iziphi iziphathimandla zethu, abaqondisi, abasebenzi, izinkontileka, izinhlangano ezisisebenzelayo, amanxusa, noma izinkampani ezingaphansi kwethu (“Amathimba e-TFH”) angeke sibe nesibopho kuwe kunoma ikuphi ukulahlekelwa okungahlosiwe, kokujezisa, okuyisehlakalo, okukhethekile, okulandelanayo noma okuyisibonelo, okuhlanganisa ukulimala kokulahlekelwa izinzuzo, igama elihle, ukusentshenziswa, idatha, noma ezinye izinto zakho ezingaphatheki, kungaba ukuthi okubangele lokho kubangelwe ukwephulwa komthetho noma okunye, ngisho noma Amathimba e-TFH etsheliwe noma engatshelwanga ngobungozi obungaba khona balokho kulahlekelwa obuphakanyiswe ngaphandle noma okuxhumene: (a) nokusebenzisa kwakho noma ukungakwazi ukusebenzisa Imisebenzi, amaThokheni akho Obuchwephehse, noma inethiwekhi ye-Worldcoin; (b) ukungatholakali noma ukunqanyulwa kweMisebenzi; (c) noma ikuphi ukugqekezwa, ukuphazanyiswa, ukutholwa okungagunyaziwe noma ukushintshwa kwanoma ikuphi ukuthengiselana kwakho noma iDatha yakho; (d) noma ikuphi ukuthengiselana noma isivumelwano ongene kuso nanoma iliphi ithimba langaphandle usebenzisa Imisebenzi; (e) noma imiphi imisebenzi noma ukuxhumana nethimba langaphandle; (f) izinyathelo Zabasebenzi be-Orb, (g) Noma ikuphi ukulahlekelwa ubugugu banoma imaphi amaThokheni Obuchwepheshe; (h) noma ikuphi Okuqukethwe Kwethimba Langaphandle okutholwe noma kwatholakala kwImisebenzi; (i) amaphutha, noma ukunganembi kOkuqukethwe kwethu; (j) ukulimala komuntu siqu noma ukulimala kwempahla noma kwanoma isiphi isizathu okuwumphumela wanoma ikuphi ukutholwa noma ukusebenzisa Imisebenzi; (k) amagciwane, ama-trojan horses, noma afana nawo kungenzeka athunyelwe noma asuke kwethi Imisebenzi; noma (l) ukuziphatha okuhlambalazayo, kokweyisa, noma okungekho emthethweni kwanoma iliphi ithimba langaphandle. Lokhu kulinganiselwa kwesibopho kuzosebenza kungakhathaliseki ukuthi ukulimala kuphakanyiswe ukusebenzisa noma ukusebenzisa kabi, noma ukuthembela kuyi-TFH noma Imisebenzi, ukungameleli noma ikuphi ukwehluleka kwenjongo ebalulekile yanoma iliphi ikhambi elilinganiselwe nelivunyelwa umthetho osebenzayo.

13.3 Akukho izimo lapho Amathimba e-TFH ezoba nesibopho kuwe sanoma iziphi zikhalo eziqondile, izinqubo, ukuziphendulela, izibopho, ukulimala, ukulahlekelwa noma sezindleko ezingaphezulu kuka-$100.00. Uma ungagculiseki ngeMisebenzi, uyavuma ukuthi ikhambi lakho wedwakuyoba ukuyeka ukusebenzzisa Imisebenzi. Lokhu kulinganiselwa kwesibopho kuzosebenza ngokwezinga eligcwele elivunyelwa umthetho osebenzayo.

**13.4 Ukukhululwa kanye Nokunxephezela.** Uyavuma ukuvikela, ukunxephezela, kanye nokubamba ngokungenabungozi Amathimba eTFH kunoma iziphi izikhalo, ukulimala, izindleko, izibopho, kanye nezindleko ezifanele zabameli, kanye nezindleko ezilethwe Ithimba le-TFH inoma iliphi ithimba langaphandle okuphakanyiswe noma okuhlobene nalokhu: (a) ukusebenzisa kakho Imisebenzi; (b) ukwephula kwakho le Migomo; (c) ukwephula kwakho noma imaphi amalungelo omunye umuntu; (d) ukuziphatha kwakho okuhlobene neMisebenzi; noma (e) ukusebenzisa kwakho i-WLD, nanoma imaphi amaThokheni Obuchwepheshe, noma inethiwekhi ye-Worldcoin. Ezinye iziphathimandla zilinganisela isinxephezelo sabathengi, ngakho kungenzeka amanye noma wonke amalungelo esinxephezelo angasebenzi kuwe. Uma ubophezelwe ekunxephezeleni noma iliphi Ithimba le-TFH, sigcine ilungelo, ngokokuqonda kwethu, lokulawula noma isiphi isinyathelo noma inqubo kanye nokubona ukuthi kumelwe ukhokhe nokuthi ngaphansi kwamiphi imigomo.

UMA UYISAKHAMUZI SASE-CALIFORNIA, uyazidedela izinzuzo kanye nokuvikelwa *i-California Civil Code § 1542*, okunikeza lokhu: “[a] ukukhishwa okuvamile akudingeki kudlule ezikhalweni umhlinzeki noma ithimba elikhiphayo alingazazi noma kusolwa ukuthi bekukhona ngoba kuvuna yena ngesikhathi sokukhishwa kwakho futhi, uma ekwazile, kumelwe ukuthi kwathinta ukukhokha kwakhe

leso sikweletu noma ithimba elamukelayo."

14. **Imithetho Elawulayo**

**Uma uhlala e-European Economic Area (EEA)**, uma kunjalo umthetho wase-Federal Republic of Germany uzosebenza kulesi Sivumelwano kanye nanoma ikuphi ukuphikiswa okuphakanyiswayo noma okuhlobene nalesi Sivumelwano. **Uma uhlala ngaphandle kwe-EEA**, uma kunjalo imithetho yoMbuso waseCalifonia uzosebenza kulesi Sivumelwani kanye nanoma ikuphi ukuphikiswa okuphakanyiswayo noma okuhlobene nalesi Sivumelwano. Umthotho olawulayo ebonisiwe kule ngxenye izosebenza ngaphandle kwemithetho yezimiso zokungaboni ngaso linye. Uyavuma ngokuqhubekayo ukuthi Imisebenzi izobhekwa njengeyisisekelo Embusweni waseCalifornia, nokuthi nakkuba Imisebenzi kungenzeka itholakale kwezinye iziphathimandla, ukutholakala kwayo akuveli kunoma isiphi isiphathimandla ngokuqondile nganoma iyiphi indlela ngaphandle koMbuso waseCalifornia.

15. **IZWI LESINQUMO LOMBANGO, UKULAMULA UMBANGO KANYE NOKUYEKA NOMA ISIPHI ISIGABA SESINYATHELO**

15.1 SICELA UFUNDE LEZI ZIGABA EZILANDELAYO NGOKUCOPHELELA. KUFUNEKA ULUNGISE IMIBANGO NATHI NGEZINGXOXO ZENU NODWA ZOKULAMULA UMBANGO KUMLAMULI OZIMELE, HHAYI NJENGELUNGU LESIGABA SESINYATHELO. IZINGXOXO ZOKULAMULA ZIKUVIMBELA UKUTHI UNGASIMANGALELI ENKANTOLO NOMA SIYE ECALENI LASENKANTOLO, NAKUBA UNGAKWAZI UKUYISA IZIKHALAZO NGATHI ENKANTOLO YAMACABA AMANCANE UMA KUFANELEKA.

15.2 Sizozama ngokusemandleni ethu ukuxazulula noma imiphi imibango ngezingxoxo eziseceleni, eziqhutshwa ngenjongo yokufinyelela okuhle. Uma kuvela okungaba umbango, kumelwe uxhumane nathi ngokuthumela i-imeyile ku-hello@worldcoin.org ukuze sizozama ukuwuxazulula ngaphandle kokufuna isixazululo esisemthethwe. Uma singakwazi ukuthola isivumelwano esingekho emthethweni ezinsukwini ezingu-60 sithole i-imeyile yakho, futhi ukhetha ukufaka isikhalo kwezomthetho, isikhalazo somthetho ovamile, isikhalazo esisekelwe kuyinkontileka, ukuziphatha okungekho emthethweni, ukukhwabanisa, ukwethulwa kabi noma eminye imithetho yezinqubo zomthetho, noma ezinye izinqubo ezisemthethweni eziphakanyiswe noma ezihlobene nele Migomo, Okuqukethwe, noma Imisebenzi ("Umbango", ngamunye), ngakho uyavuma ukuxazulula Umbango kusentshenziswa ukuxazulula umbango okubophayo, esimweni ngasinye ngakwale migomo elandelayo (okuhlanganisa, "Isivumelwano Sokuxazulula Umbango"):

- Ukuxazulula umbango kuzokwenziwa ngokuyimfihlo umxazululi wombango oyedwa. Umxazululi wombango uzosebenzisa zonke izimo ezisebenza zokulinganielwa nayo yonke imithetho esebenzayo futhi uzowahlonipha amalungelo ezikhalazo aqashelwa umthetho osebenzayo.
- **Uma uyihlala e-EEA**, ngakho Umbango uzoxazululwa okokuxazulula imibango okulawulwa i-German Arbitration Institute (DIS) ngokuvumelana Nemithetho Yokuxazulula Umbango ye-DIS. Ukuxazulula umbango okwenzeka e-Belin, eJalimane, ngaphandle uma wena kanye nathi sivumelana ngokukukuqhuba kwenye indawo. Uyavuma ukuthi izinkantolo zaseBelin, eJalimane ziyizinkundla ezifanele zanoma iziphi izikhalazo zokuxazulula umbango noma izinqubo zasenkantolo esimweni lapho lesi Sivumelwano esibophayo sokuxazulula umbango sitholakala singenakusebenziseka.
- **Uma uhlala ngaphandle kwase-EEA**, ngakho Imibango izoxazululwa iphelele enhlanganweni yokuxazulula umbango elawulwa i-JAMS ngokuvumelana ne-JAMS Streamlined Arbitration Rules, ngaphandle uma inani elibangwayo lingu-$250,000 noma ngaphezulu, nokulapho kuyosentshenziswa khona i-JAMS Comprehensive Arbotration Rules. Ukuxazulula umbango kuzokwenzelwa eSan Francisco, eCalifonia, ngaphandle uma wena nathi sivuma ukukwenzela kwenye indawo. Uyavuma ukuthi izinkantolo zomhlaba nezikahulumeni ezise San Francisco, eCalifornia ziyizinkundla ezifanele zanoma iziphi izikhalo zokuxazulula umbango noma izinqubo zenkantolo esimweni lapho lesi sigatshana seSivumelwano esibophezelayo singenakusebenziseka.
- Kunoma ikuphi ukuxazulula umbango, kungakhathaliseki indawo, amaqembu ahilelekile ngeke afune ukudalulelwa elinye, futhi umxazululi wombango ngeke awavumele amaqembu ukuthi adalulelane okuthile, kodwa, iqembu ngalinye lizodalula ubufakazi obusekela isimo salo ngesikhathi okuvunyelwane ngaso kanye nosuku lwangaphambi kokulalelwa kokugcina kombango.
- Lesi Sivumelwano Sombango sihlanganisa okungenakwenzeka, okungahoxiswa, amaphuzu, kanye nokusebenza kweSivumelwano Sombango nanoma iyiphi ingxenye yeSivumelwano Sombango, futhi yonke Imibango ephakeme noma ehlobene nokuchazwa noma ukusentshenziswa kweSivumelwano Sombango; zonke izinkinga ezinjalo kumelwe zinqunywe umxazululi wombango hhayi inkantolo noma umahluleli.

- Uma umxazululi wombango noma umlawuli wenhlangano yokuxazulula umbango ephakamisa izindleko zokufaka icala noma izindleko zokulawula kuwe, sizokubuyisela leyo mali, uma ufaka isicelo, kuze kube ilapho lezo zindleko zingedluli lezo obuzozikhokha ukube izinqubo bezenziwe enkantolo. Sizophinde sikhokhe nezindleko ezengeziwe uma kudingeka senze kanjalo ngokomthetho wokulawula ukuxazululwa kombango noma umthetho osebenzayo.
- Ngesikhathi sesicelo sanoma iliphi ithimba, zonke izinqubo zokuxazulula umbango zizoqhutshwa ngokuyimfihlo futhi, ezimweni ezinjalo, wonke amadokhumenti, ubufakazi, kanye namarekhosi azotholwa aphinde anakekelwe umxazululi wombango ngokuyimfihlo evaliwe, azotholakal ukuze ahlolwe kuphela amathimba athintekayo, abameli bawo, kanye nongoti bawo, abeluleki, noma ufakazi ovume kusengaphambili ngokubhala, ukuthi athole yonke imininingwane enjalo iyimfihlo futhi ayisebenzisele kuphela izinjongo zombango.
- Ngaphandle kwezigaba zezinqubo kanye namakhambi okuxoxwe ngawo kulesi Sivumelwano Sokuxazulula Umbango, umxazululi wombango unegunya lokunikeza noma iliphi ikhambi okungenzeka litholakale enkantolo.
- Noma isiphi isinqumo noma umklomelo okhishwe umxazululi wenkinga kungenzeka ufakwe kunoma iyiphi inkantolo efanele enegunya lokwahlulela.
- Uma imfuneko yokuxazulula umbango noma ukwenqatshelwa kwesigaba sesinyathelo kanye neminye imibango elethwe amathimba angaphandle kutholakala ukuthi angeke kusebenziseke, okusho ukuthi amalungelo angenakusebenziseka azobhekwa njengasusiwe kule Migomo futhi zonke ezinye izibopho ezikule Migomo kumelwe ziqhubeke zisentshenziswa ngokugcwele futhi zisebenza.

15.3 Ilungelo Lezinsuku ezingu-30 Zokuhoxa. Unelungelo lokuhoxa futhi ungahlanganiswa nalesi Sivumelwane Sokuxazulula Umbango ngokuthumela i-imeyile ekhelini olisebenzisele ukufaka isicelo sakho kanye Nesihloko Se-Imeyile: "UKUYEKA UKUFUNA UKUXAZULULA UMBANGO NESIGABA SESINYATHELO. Kumelwe uthumele i-imeyile zingakapheli izinsuku ezingu-30 uvume le Migomo, ngaphandle kwalokho uzoboshelwa ukuthi uxazulule Umbango ngokuvumelana nemigomo yalesi Sivumelwano Sokuxazulula Umbango. Uma usiyeka lesi Sivumelwano Sokuxazulula Umbango, nathi angeke siboshwe Isivumelwano Sokuxazulula Umbango.

15.4 Ushintsho kulesi Sivumelwano Sokuxazulula Umbango. Sizokunikeza izinsuku ezingu-30 zesaziso sanoma iluphi ushintsho engxenyeni yale Migomo enesihloko esithi "**Isixazululo Sombango, Ukuxazulula Umbango, kanye nokuHoxa Esigabeni Sesinyathelo"** ngesaziso esize kuwe, futhi okushintshiwe kuzoqala ukusebenza ngemuva kwezinsuku ezingu-30 uthole isaziso kithi. Ushintsho engxenyeni ethi **Isixazululo Sombango, Ukuxazulula Umbango, kanye nokuHoxa Esigabeni Sesinyathelo** luzosebenza kuphela Embangweni ophakeme ngemuva kosuku luka-30. Uma inkantolo nomaumxazululi wombango enquma ukuthi ushintsho kulezi zingxenyeangeke lusebenziseke noma alusebenzi, khona-ke ushintsho kuzonqanyulwa kule Migomo futhi inkantolo noma umxazululi wenkinga uzosebenzisa iSivumelwano Sokuxazulula Inkinga sokuqala ngemuva kokuthi uqale ukusebenzisa Imisebenzi. Ungahle usebenzise ilungelo lakho lokuhoxa emigomweni yeSivumelwano sokuxazulula Umbango esisha ngokulandela inqubo ebhalwe lapha engxenyene enesihloko esithi "Ilungelo Lokuhoxa Ezinsukwini Ezingu-30."

Lesi Sivumelwano Sokuxazulula Umbango sizoqhubeka sikhona ngemva kokuqedwa kwale Migomo, nanye nokusebenzisa kwakho imisebeni.

Ungangavumelani nanoma yini ekulesi Sivumelwano Sokuxazulula Umbango ngokuphambene, noma iliphi ithimba kungenzeka lilethe umthetho wenkantolo ovimbelayo wokumisa ukusebenzisa okungagunyaziwe, noma ukusebenzisa kabi Imisebenzi, noma ukwephulwa kwamalungelo obunikazi (ngokwesibonelo, uphawu lokuhweba, izimfihlo zokuhweba, ilungelo lokukopisha, noma amalungelo obunikazi) ngaphandle kokuqale kwenziwe inqubo yokuxazulula umbango noma ezinye izixazululo zombango zangasese ezichazwe ngenhla.

16. **Amalungelo Avamile**

**16.1 Akukho Ukuyekelela; Ukuhlukaniswa; Ukungabelwa**. Ukwehluleka kwethu ukusebenzisa ilungelo akusho ukuthi siyaliyeka ilungelo letho lokwenza kanjalo esikhathini esizayo. Uma ilungelo litholakala lingenakusebenziseka, amanye amalungelo anikezwa ile Migomo azoqhubeka esebenzangokugcwele futhi umgomo ongenakusebenziseka uzokhishwa kufakwe lokho esikufisayo kangangokunikwenzeka. Angeke ukwazi ukwaba noma imaphi amalungelo akho ngaphansi kwale Migomo, futho noma ikuphi ukuzama ukwenza kanjalo kuyokwenqatshwa. Kungenzeka sabe amalungelo ethu kunoma imaphi amanxusa noma izinkampani

ezingaphansi kwethu, noma kunoma ubani ongumlandeli ngokwezinzuzo zanoma iliphi ibhizinisi elihlobene neMisebenzi.

**16.2 Sonke Isivumelwano**. Le Migomo yakha isitatimende esigcwele nesikhethekile sesivumelwano esiphakathi kwakho nathi ngokuvumelana neMisebenzi futhi sithatha isikhundla sakho konke ukuqonda, izivumelwano, izethulo, kanye namawaranti angaphambili abhaliwe noma ashiwo ngomlomo amayelana neMisebenzi. Izihloko zezingxenye zale Migomo okokwenza ukuthi kube lula kuphela futhi angeke kuawule incazelo noma ukuchazwa kwanoma iliphi ilungelo.

**16.3 Ukusinda.** Wonke amalungelo ale Migomo amayelana nokumiswa noma ukunqanyulwa, izikweletu ezikweletwa i-TFH, ukusentshenziswa okuvamile kweMisebenzi, Imibango ne-TFH, kanye namalungelo amsuka wawo udlulela ngale kokuphelelwa isikhathi nokunqanyulwa kwale Migomo, azosinda ekunqanyulweni noma ekuphelelweni isikhathi kwale Migomo.

**16.4 Ubudlelwane Bamaqembu.** Akukho lutho kule Migomo ezobhekwa noma ehloselwe ukubhekwa, noma ezobangela ukuthi wena ne-TFH niphathwe njengabasebenzisanayo, abahlanganyeli, noma abahlanganyeli benzuzo, futhi wena noma i-TFH angeke nibhekwe njengenhlangano yomunye. Lokhu kuhlanganisa iqiniso lokuthi akukho lutho kule Migomo olusungula noma oluhloselwe ukusungula ubudlelwane bokuqashana phakathi kwakho ne-TFH.

**16.5Akukho Zeluleko Zongoti noma Imisebenzi Yezithenjwa.** Konke Okuqukethwe okuhlinzekwe yithi kungokwezinjongo zolwazi kuphela futhi akumelwe kubhekwe njengeseluleko songoti. Akumelwe uthathe, noma ugweme ukuthatha noma isiphi isinyathelo ngokusekelwe emininingwaneni equkethwe kule Misebenzi. Ngaphambi kokwenza noma isiphi isinqumo esingokwezimali, sezomthetho nanoma isiphi esinye esihilela Imisebenzi noma amaThokheni Obuchwepheshe, kumelwe ufune iseluleko songoti ozimele kunoma ubani onelayisensi nonesiqu endaweni lapho leso seluleko singatholakala khona. Le Migomo ayihloselwe futhi ayakhi noma iphoqelele noma imiphi imisebenzi yezithenjwa kithi. Ngokwezinga eligcwele elivunyelwa Umthetho, uyakwamukela futhi uyavuma ukuthi asikweleti misebenzi yezithenjwa noma izibopho kuwe noma kunoma iliphi ithimba langaphandle, futhi esimweni lapho leyo misebenzi noma izibopho zisebenza khona emthethweni noma ekulinganeni, leyo misebenzi kanye nezibopho lapha zilahliwe ngokungenakuguqulwa, ziyayekwa futhi ziyakhishwa. Uyavuma ngokuqhubekayo ukuthi okuwukuphela kwemisebenzi nezibopho esikukweleta zona ilezo ezivezwe kule Migomo.

**16.6Ukushintsha Kokulawula.** Esimweni lapho sithathwa noma sihlanganiswa nenye inkampani engaphandle, noma sinikeza ezinye izinhlangano imisebenzi ethile noma enye inhlangano esizobona kufaneleka ngokwenzuzo Yabasebenzisi, uma kunjalo, sigodle ilungelo ezimweni ezinjalo lokudlulisela noma ukwaba iDatha esiyithathe kuwe njengengxenye yokuhlanganisa, ukuthola, ukuthengisa, noma okunye ukushintsha kokulawula.

**16.7 Amandla Amakhulu Angaphezu Kwavamile.** Angeke sibe nesibopho nganoma ikuphi ukwephuza, ukwehluleka ukusebenza, noma ukuphazamiseka kwemisebenzi okuwumphumela oqondile noma ongaqondile wokwephulwa okukhulu kwamaThokheni Obuchwepheshe, nanoma isiphi isenzo sikaNkulunkulu, izinyathelo zomphakathi noma umbutho wamasosha, izenzo zobuphekula, ukuphazamisa komphakathi, impi, umbhikisho, isimo esiphuthumayo sezempilo, umbango wabasebenzi, umlilo, ukuphazamiseka kwezingcingo noma izinkonzo ze-Inthanethi noma abahlinzeki benethiwekhi, ukwehluleka kwezinsiza, noma izinhlelo zekhompyutha, noma ikuphi okubangelwa noma isimo esingaphezu kwalokho esingakwazi ukukulawula (Isigameko ngasinye “Samandla Amakhulu Angaphezu Kwavamile”). Ukwenzeka Kwesigameko Samandla Amakhulu Angaphezu Kwavamile angeke kuthinte ukusebenza nokuphoqelela ukusebenza kwanoma imaphi amalungelo asele kule Migomo.

**16.8 Ama-App Store.** Uma udawuniloa i-App yethi kunama iyiphi inkundla ye-app store noma umsabalalisi ongaphandle kwe-Apple App Store, okuhlanganisa ne-Google Play Store (“Ingosi Yokusabalalisa”) uyavuma ukuthi:

- Imigomo iphakathi kwakho nathi, hhayi nomhlinzeki Wengosi Yokusabalalisa (“Umhlinzeki we-Store”);
- ukusebenzisa kwakho i-App kumelwe kuvumelane Nomhlinzeki We-Store kanye Nesivumelwano Semigomo Yokusebenzisa Imisebenzi Senkundla Yokusabalalisa;
- Umhlinzeki we-Store umane nje uhlinzeka Ngenkundla Yokusabalalisa lapho othole khona i-App;
- Thina, hhayi Umhlinzeki we-Store, sinesibopho esizimele se-App;
- Umhlinzeki we-Store akanasibopho noma akanakuphendula kuwe mayelana ne-App noma iMigomo; kanye
- Nokuthi uyavuma futhi uyakwamukela ukuthi Umhlinzeki we-Store uyilungu langaphandle elizuzayo kule Migomo ehlobene ne-

App.

**16.9 I-Apple App Store**. Le ngxenye isebenza lapho i-App itholwe ku-Apple App Store. Uyakwamukela futhi uyavuma ukuthi Imigomo iphakathi kwakho nathi, hhayi i-Apple, Inc. (“Apple”) nokuthi i-Apple ayinasibopho se-App noma okuqukethwe kuyo. Ukusebenzisa kwakho i-App kumelwe kuhambisane Nemihomo Yemisebenzi ye-App Store.

Uyavuma ukuthi i-Apple ayinasibopho nganoma iyiphi indlela sokuhlinzeka nganoma ikuphi ukunakekelwa kanye nemisebenzi yosizo ehambisa ne-App. Esimweni sanoma ikuphu ukwehluleka kwe-App ukuvumelana nanoma iziphi izincwadi zobufakazi ezisebenzayo, kumelwe wazise i-Apple, futhi (uma kufaneleka) i-Apple izokukhokhela imali yokuthenga i-App, kuye ngezinga lokugcina elivunyelwa umthetho osebenzayo, i-Apple angeke ibe nezibopho zezincwadi zobufakazi ezihambisana ne-App, kanye nanoma iziphi izicelo, ukulahlekelwa, izikweletu, ukulimala, izindleko ezenziwe inoma ikuphi ukwehluleka ukuvumelana nanoma iyiphi incwadi yobufakazi okuzolawulwa Imigomo kanye nomthetho osebenzayo kithi njengomhlinzeki we-App.

Uyavuma ukuthi i-Apple ayinamthwalo wophendula noma iziphi izicelo zakho noma zethimba lesithathi ezihlobene ne-App noma isimo kanye/noma ukusebenzisa kwakho i-App, okuhlanganisa, kodwa okungagcini kulokhu: (i) izikhalo zesibopho sokuthinteka emkhiqizweni; (ii) noma iziphi izikhalo zokuthi i-App iyehluleka ukuvumelana nanoma iziphi izimfuneko zomthehtho negunya elilawulayo; kanye (iii) izikhalo eziphakeme ngaphansi kwemithetho evikela abathengi noma efana naleyo; kanye nazo zonke ezinye izikhalo eziphethwe Imigomo kanye nomthetho osebenza kithi njengomhlinzeki wohlelo lwekhompyutha.

Uyavuma ukuthi, esimweni lapho noma isiphi isikhalo sethimba langaphandle sokuthi i-App noma ukuba kwakho kanye nokusebenzisa i-App kwephula amalungelo obunikazi ethimba langaphandle, i-TFH, hhayi i-Apple, izoba nesibopho sokuphenya, ukuvikela, ukuxazulula kanye nokukhipha noma isiphi isikhalo sokwephulwa kwelungelo lobunikazikuze kufinyelele ezimfunekweni zeMigomo.

Umelela futhi ufakazela ukuthi (i) awuhlali ezweni elingaphansi kokuvinjelwa Uhulumeni wase-U.S, noma elibhekwa Uhulumeni wase-U.S njengezwe “elisekela amavukela-mbuso”; nokuthi (ii) awukho kunoma iluphi uhlu lwamaqembu avinjelwe noma enqantshelwe Uhulumeni Wase-U.S.

Wena kanye ne-TFH niyavuma futhi niyakwamukela ukuthi i-Apple, kanye nezinkampani ezingaphansi kwe-Apple, kanye nabazuzayo bamathimba angaphandle kweSivumelwano Semigomo Yokusebenzi Imisebenzi njengehlobene nelayisensi yakho ye-App, nokuthi, ngesikhathi sokwamukela kwakho imigomo nemibandela yeSivumelwano Semigomo Yokusebenzisa Imisebenzi, i-Apple izoba nelungelo (futhi kuzobhekwa njengokuthi ilamukele ilungelo) lokuphoqelela iSivumelwano Semigomo Yokusebenzisa Imisebenzi njengoba sihlobene nelayisensi yakho ye-App ephikisana nawe njengozuzayo wethimba elingaphandle.

TOS20230101